**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda lawa magama**
ukungcola, sasingangcolanga, sizongcola, singangcoli, ukuthandwa, sesiyathandwa, ngangingasathandwa, (sa)sicwebezela, sasisacwebezela, uyacwebezela, wasicwebezelisa, indwangu, khohlwa, egcwele, sigxumagxuma, babemangaliswe, esicwebezelayo, nomkhwenyana

**Isicathulo esihle**

**IsiZulu**

**Izinga: 5C**

ISBN: 978-1-77981-647-4

© 2023 Ulwazi Lwethu African Languages Literacy Project

Umbhali: Erlina Makgalemele
Umhumushi: Zandile Malaza
Umdwebi: Nashika Latchram
Isakhiwo: Rock Bottom Graphic & Design

Uhlelo lokuqala lokushicilela luka-2023.

Isicathulo esidala sasifuna ukugcina ubuhle baso obudala. Lesicathulo saqaphela ukuthi umnikazi akasasithandi. Sasibekwa kude nezinye izicathulo. Lesicathulo naso sasifuna ukuthandwa njengezinye izicathulo.

Sasibheka uma umnikazi ethatha uhambo angasinaki.







Lesicathulo sasihlala sikhala ngoba umnikazi wayesigqoka uma izulu lina. Futhi wayesigqoka uma ehamba odakeni noma esihlabathini. Lezi ezinye izicathulo zazigqokwa ezindaweni eziphakeme noma uma isimo sezulu sisihle.

Lesimo sasenza lesicathulo saba namahloni. Sabona ukuthi abasithandi. Lomnikazi wayengasinaki. Wayehlala esichilizela eceleni uma efuna isicathulo angasigqoka. Isicathulo sasibheka uma umnikazi ehlobisa ezinye izicathulo ngothando. Wayezihlobisela ukuzigqoka uma ephuma.





Lesicathulo sacabanga ukunyenya siphume endlini singabonwa. Sasifuna ukuyovuselelwa ngegolide. Lesicathulo sazibuza imibuzo eminingi, Singayaphi? Kubani? Isicathulo sahlela uhambo olude. Sasifuna ukubuya sesiyisicathulo esisha. Sinesifiso sokuzibona sicwebezela futhi.

Isicathulo saya kumthungi wezicathulo edolobheni, sayovuselelwa.

Uma isicathulo sifika, sabheka umthungi. Wayesebenza kahle nangothando. Ngokuzithoba, isicathulo sacela umthungi wezicathulo ukuthi asivuselele. Umthungi wakhetha indwangu enhle yegolide, isicathulo sayithanda.





Iphupho lesicathulo laba yiqiniso, saba sihle kuna kuqala. Sasicwebezela! Sasikhazimula!

Umthungi wabeka isicathulo eshalofini ukuze sibonakale. Isicathulo saba nokuziqhenya sabuyela ekhaya.


Endleleni sibuyela ekhaya, isicathulo saqala sacula ingoma.

“Yimi ngedwa isicathulo esihle.

Nginegolide esifubeni sami. Ngicula kahle kunejuba. Uma ngisuka ekhaya ngangingasathandwa.

Manje sengiyisicathulo esihle kakhulu.

Yebo! Yimi ngedwa.”





Ijuba lalilalele isicathulo sicula. Landiza lasondela lase lithi, “Ucula kahle, kodwa awuculi kangcono kunami. Uyacwebezela, uyakhazimula kepha ukucula, khohlwa.”

Isicathulo asizange sikhathazeke ngalenkulumo yejuba. Sasijabule kakhulu, akukho obekungasenza sikhathazeke.

Isicathulo sahamba saya ekhaya. Sadlula umfula. Sihamba kancane singafuni ukungcola. Isicathulo sadlula kancane ngokunakekela emfuleni. Sasilokhu sicula. Isicathulo sasijabulile simoyizela.





Isicathulo safika endaweni egcwele udaka. Sema sizibuza ukuthi sizokwedlula kanjani. Ngaleso sikhathi, ijuba lafika. “Bengilokhu ngilalele, ngilandela ingoma. Ingoma ivele yafa yanyamalala. Kwenze njani?”

“Juba, mfowethu, nginenkinga. Ngidinga usizo.”

“Ngilibangise ekhaya futhi angifuni ukungcola. Bheka udaka olungaka! Ngicela ungisize.”

Ngokushesha ijuba laphakamisa isicathulo. Landiza naso badlula odakeni. Isicathulo sabonga ijuba kakhulu. Sigxumagxuma ngentokozo.





Isicathulo safika ekhaya sijabule kakhulu.

Sasingangcolanga, sasisacwebezela. Umnikazi wamangala. Wabona ukuthi yisicathulo sakhe, kodwa wayengawathembi amehlo akhe. Wayemangele kepha ejabulile.

Ezinye izicathulo nazo zazisijabulele isicathulo esivuselelwe. Zahamba zonke zayomukela isicathulo. Ezinye izicathulo zaba nomona. Zazingajabulile ukubona igolide esicathulweni.





Umnikazi waqala ukuthanda isicathulo futhi. Wasigqoka kuzo zonke izindawo, ikakhulukazi emihlanganweni ebalulekile. Uhambo lokuqala baya ekhonsathini.

Bonke babemangaliswe yilesicathulo esihle. Isicathulo savele samamatheka. Sacula lengoma:

"Manje sengiyisicathulo esihle kakhulu.

Yebo! Yimi ngedwa."

Uhambo olulandelayo baya epaki. Epaki kwakukhona umjikelezo. Kwakunamantombazane nabafana abaningi. Isicathulo sacabanga ukuthi sizongcola ngoba kwakunothuli. Kepha umnikazi wamela kude nothuli ukuze isicathulo sivikeleke.


Bonke abantu babemangaliswe yilesicathulo esihle. Isicathulo savele samamatheka.

Sacula ingoma:

"Manje sengiyisicathulo esihle kakhulu.

Yebo! Yimi ngedwa."





Uhambo lwesithathu baya emshadweni.

Babecula izingoma zomshado ezimnandi. Umnikazi wafika nesicathulo sakhe esihle esicwebezelayo. Abantu bangasaculi, bonke babheka lesicathulo.

Umakoti nomkhwenyana babemangele. Bonke bamangazwa yilesicathulo esihle. Isicathulo savele samamatheka. Sacula ingoma:

“Manje sengiyisicathulo esihle kakhulu. Yebo! Yimi ngedwa.”

Isicathulo saba yintandokazi. Isicathulo nomnikazi bathatha uhambo oluya olwandle. Isicathulo sasikhathazekile ngokuthi sizongcola. Kepha umnikazi wamela kude. Akazange asondele olwandle. Wayevikela isicathulo ukuthi singangcoli. Isicathulo savele samamatheka. Sacula ingoma:

“Manje sengiyisicathulo esihle kakhulu.

Yebo! Yimi ngedwa.”





Njalo ntambama umnikazi wayehlobisa isicathulo. Wasicwebezelisa. Isicathulo saqaphela ukuthi manje sesiyathandwa. Sasijabulile ukuthi sesibalwa kanye nezinye izicathulo. Isicathulo savele samamatheka. Sacula ingoma:

“Manje sengiyisicathulo esihle.

Yebo, Yimi ngedwa.”

Umnikazi wagqoka isicathulo baya kumthungi wezicathulo, bobabili bambonga kakhulu. Umnikazi wayejabulele ukuba nesicathulo esihle kangaka! Isicathulo sabonga umthungi ngokusibuyisela esimeni sakuqala esihle.

Isicathulo sasilokhu simamatheka sicula:

“Manje sengiyisicathulo esihle.

Yebo! Yimi ngedwa.”



Ulwazi Lwethu

Readers

## Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

## Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

## Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-647-4

Ulwazi Lwethu